Tel : +27 12 341 9638 / 9651
Fax : +27 12 341 5938

Private Bag X08 | Arcadia | 0007
523 Stanza Bopape Street | 5th Floor | Provisus Building | Arcadia

PanSALB
PAN SOUTH AFRICAN LANGUAGE BOARD

ISAZISO SABEMITHOMBO YEZOKWAZISA

OKUMELE SIGODLWE KUZE KUYOBA UMHLA ZINGAMA-21 KUNDASA WEZI-2024

20 KUNDASA WEZI-2024, PRETORIA

UMBIKO WEBHODI LEZILIMI (PanSALB) OTHOLE UKUTHI IMINYANGO KAHULUMENI KAZWELONKE NEZIMBONI ZIKAHULUMENI ZIYEHLULEKA UKUSEBENZISA UMTHETHO WEZILIMI EZISEMTHETHWENI WE-12 WANGONYAKA WEZI-2012 NGENDLELA EFANELE

IBhodi LeziLimi LaseNingizimu Afrika (PanSALB) selikhiphe umbiko wophenyo olunzulu olwenziwe mayelana nokusetshenziswa koMthetho weziLimi eziseMthethweni we-12 wangonyaka wezi-2012 (i-UOLA) yiminyango kahulumeni ezweni lonke kanye nezimboni zikahulumeni. UMthetho i-UOLA uphoqa iminyango kahulumeni kanye nezimboni ezingaphansi kukahulumeni ukuba zigqugquzele (zikhuthaze) ngendlela ecacile ukusetshenziswa nokuthuthukiswa kwazo zonke izilimi ezisemthethweni. Lo mbiko iwucwaningomabhuku olunzulu lokusetshenziswa kwezinqubomgomo zezilimi, ukuhambisana kwazo lezi zinqubomgomo nezinjongo zazo zikazwelonke, ukusebenza ngempumelelo kwezindlela ezilandelwayo ekwenzeni lezi zinhlelo kanye nezinsizakusebenza ezibekelwe ukufezekisa zona lezi zinhlelo. Lolu phenyo olunzulu luveza imiphumela eyahlukahlukene yokulandelwa kokusetshenziswa koMthetho i-UOLA yiyona yonke iMinyango kaHulumeni kaZwelonke engama-22 kanye nezimboni ezingaphansi kukahulumeni eziyi-18, lucacisa ngesidingo esibalulekile sokuthuthukisa kabanzi inqubomgomo nokuhlela, ukuyilandela, ukuhlinzekwa kwezinsiza zezolimi, ukuthuthukiswa kwamakhono, ukufundisa umphakathi kanye nokuhlola ukusebenza kwazo zonke lezi zinhlelo. Mayelana nokuwulandela lo mthetho, ikhona iminyango kahulumeni embalwa kanye nezimboni zikahulumeni ezithile ezikhombisa ukuwulandela lo mthetho ngezinga eliphezulu kakhulu ngokukhombisa ukuba nezinhlaka zezomthetho ezibhekelele ukusetshenziswa kwawo lo mthetho kanye nezinhlelo zokuwubuyekeza ngempumelelo. Yize noma kunjalo, kodwa iningi layo le minyango kahulumeni iyehluleka ukuwulandela lo mthetho, idonsa kanzima ukulandela izinhlaka zomthetho ukuze kugcineke lo mthetho. Okwenziwa yile minyango kuhlale kungaphansi kwezinga elilindelekile ngaso sonke isikhathi. Mayelana nenqubomgomo yolimi nohlaziyozinhlelo, lo mbiko uthole ukuthi yinye kuphela imboni engaphansi kukahulumeni ezama ngakho konke okusemandleni ukwenza zonke izinto ngendlela efanele, bese kuthi eziningi zazo kusamele ziqinise izifociya. Kuyethusa-ke nokho ukuthi izinkampani eziningi ezingaphansi kukahulumeni kaziyilandeli imigomo yolimi ngendlela efanele, lokho osekukhomba isidingo sokuthi indaba yenqubomgomo yolimi nokuhlela kumele isukunyelwe ngokushesha. Ukungatholakali kwemiphumela elindelekile ezimbonini zikahulumeni eziningi, lokho kuyinkomba yomehluko okhona phakathi kokwenziwa kwezinqubomgomo nendlela ezisetshenziswa ngayo.

Ukutholakala kwezinsizakalo zezolimi kulezi zimboni zikahulumeni kubukeka kusezingeni eliphansi kakhulu, zimbili nje kuphela ezibonakale zizama ukuthola imiphumela elindelekile kodwa nayo engatheni. Iningi lalezi zimboni zikahulumeni lenze kabi kakhulu, likhombisa ukuntuleka kokuhlinzekwa kwezinsizakalo zezolimi. Umphumela usuwonke nje ukhombisa ukuba sezingeni eliphansi kakhulu, lokho osekuphoqa ukuthi kuthathwe izinyathelo ezisheshayo ukuze kuthuthukiswe (kuphuculwe) indlela yokuhlinzekwa ngezinsiza zezolimi. Imizamo

yokuthuthukiswa kwamakhono ibukeka ingatheli izithelo ezweni lonke, njengoba zonke izimboni zikahulumeni zehluleke zadela ukuthola nje izinga eliphakathi nendawo kulelo ebelilindelekile. Lokhu kukhombisa ukuntuleka okukhulu kwabasebenzi abanamakhono adingekayo kanye nezinsizakusebenza ezifanele, okuwudaba oludinga ukuba lusukunyelwe ngokushesha futhi kubhukule wonke umuntu ukuze lusombululeke. Imikhankaso yokuqwashisa nokufundisa imiphakathi ibukeka ingafiki ezingeni elifanele njengoba iningi lezimboni zikahulumeni lingenzanga kahle. Zibe mbalwa kakhulu izimboni zikahulumeni ezikhombise ukuthi ziyayilandela imigomo yezolimi ngokwezinga eliphakathi nendawo kodwa azikho ezikhombise ukwenza lo msebenzi ngezinga elivelele. Lokhu kuntuleka kwezithangami zokuxoxisana nemiphakathi ngokujwayelekile kukhombisa ukuthi kunesidingo esikhulu sokuthi kube nemikhankaso enhlobonhlobo yokuqwashisa nokufundisa umphakathi. Okokugcina, izinhlelo zokuqapha nokuhlola nazo azikho ezingeni elifanele njengoba iningi lezimboni zikahulumeni zithole imiphumela esezingeni eliphansi kakhulu. Iningi lazo lezi zimboni zikahulumeni zikwaze nje ukuthola imiphumela esezingeni eliphakathi nendawo, kanti futhi azikho eziphumelele ngamalengiso. Ukuthola imiphumela esezingeni eliphakathi nendawo kuchaza ukuthi kunesidingo esikhulu sokuthi kube nezinhlelo ezisezingeni eliphezulu zokuqapha nokuhlola yonke imisebenzi eyenziwayo.

Kafushane nje, imiphumela yalolu phenyo ikhombisa ukuthi kunesidingo esikhulu sokuthi kuthuthukiswe izinhlelo zokusetshenziswa kwenqubomgomo yolimi. Leli zinga elingelihle lemiphumela lichaza ukuthi kumele kube nezinhlelo ezenziwayo zokungenelela, ukuthuthukiswa kwamakhono kanye nezinhlelo ezicacile zokuhlinzekwa kwezinsizakalo zezolimi, ezizoqinisekisa ukuthi zonke izilimi ezisemthethweni zinikezwa ukuhlonipheka futhi zisetshenziselwe ukuletha izidingongqangi emphakathini.

UYAPHELA

Ukhishwe egameni leBhodi leziLimi i-PanSALB:

NguNtombentle Huluhulu
OyiNhloko: Ye-Marketing NezokuXhumana
Eyeselula: 061 581 5216